YIBA NEZWI

Isimemo Sokuthumela Imibono Yomphakathi

IKomidi LoMkhandlu KaZwelonke Wezifundazwe LezeziMali limema ababambiqhaza kanye namaqembu anentshisekelo ukuthi bathumele imibono ebhalwe phansi mayelana noMthethosivivinywa Wokuchibiyela Imithetho Ejwayelekile (Ophathelene Nokuvinjelwa Kokushushumbiswa Kwemali Nokulwa Nokuxhaswa Ngemali Kobuphekula) [B15B – 2026]

UMthethosivivinywa Wokuchibiyela Imithetho Ejwayelekile (Ophathelene Nokuvinjelwa Kokushushumbiswa Kwemali Nokulwa Nokuxhaswa Ngemali Kobuphekula) [B15B – 2026] uhlose ukuchibiyela:

- uMthetho Wezinkampani Ezincane we-1984
- uMthetho Wezinhlangano Ezingenzi Nzuzo, we-1997
- uMthetho Wesikhungo Solwazi Lwezezimali (Financial Intelligence Centre Act), wezi-2001
- uMthetho Wezinkampani, wezi-2008 kanye
- noMthetho Wokulawulwa Komkhakha Wezezimali, wezi-2017

Lo Mthethosivivinywa uhlose ukuqinisa uhlelo lwezwe lokulwa nokushushumbiswa kwemali nokuxhaswa kobuphekula (AML/CFT) ngokubhekana nokushoda okusele okwatholakala Embikweni Wokuhlolwa Okuhlanganyelwe we-FATF wezi-2021 mayelana neNingizimu Afrika, kanye nangesikhathi senqubo yokulungisa izinto eyaholela ekutheni iNingizimu Afrika iphume ohlwini olubizwa nge-*greylis*t ye-FATF ngo-Okthoba wezi-2025.

Izinkundla zomphakathi mayelana noMthethosivivinywa Wokuchibiyela Imithetho Ejwayelekile (Ophathelene Nokuvinjelwa Kokushushumbiswa Kwemali Nokulwa Nokuxhaswa Ngemali Kobuphekula) [B15B – 2026] zizobanjwa ngoLwesithathu, mhla -2 kuZibandlela wezi-2026.

Imibono kumele yamukelwe kungakedluli ihora le-12:00 ngoMsombuluko, mhla zingama -30 kuLwezi wezi-2026.

Labo abafisa ukwethula imibono ezinkundleni zomphakathi ngoLwesithathu, mhla -2 kuZibandlela wezi-2026, kumele bakucele lokho ngqo.

Lezi zinkundla zizobanjwa kusetshenziswa uhlelo lwe-Zoom.

Imibono kumele iqondiswe kuNobhala weKomidi, uMnu. Nkululeko Mangweni, ku-nmangwen@parliament.gov.za

Sikhishwe nguMhlonishwa uNksz. S Ndhlovu, iLungu lePhalamende, uSihlalo: IKomidi LoMkhandlu KaZwelonke Wezifundazwe LezeziMali (UMkhandlu KaZwelonke Wezifundazwe).